**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU YOKWETHULA INYANGA YEZOKUPHEPHA NEZINHLELO ZOKULWA NOBUGEBENGU ENANDA:**

02 November 2012.

Mphathi wohlelo;
Amalungu esiShayamthetho akhona;
IMeya yeTheku uKhansela James Nxumalo;
Amakhansela wonke akhona;
UKhomishana wamaphoyisa esifundazweni uLt Gen Ngobeni;
Abamele amaqembu epolitiki;
Izinhlangano ezizimele ezingama-NGO nama-CBO;
Osomabhizinisi bendawo;
Abezinhlaka zama-CPF;
Izisebenzi zeminyango eyahlukene kuhlanganisa nomKhandlu weTheku;
Izinhlaka zonke esisebenzisana nazo;
Abezindaba;
Umphakathi wonke okuyiwona esize kuwona lapha;
Ngiyanibingelela nonke.

Masibonge ukuthi nikwazile ukuphumelela kulo mcimbi wokuqala kwenyanga yezokuphepha ka-November okuhambisana nokuqala kwezinhlelo zokulwa nobugebengu kusuka manje kuze kushaye amaholide kaKhisimusi nangemuva kwawo.

Ukuba khona kwenu lapha kutshengisa ukuzimisela kwenu ekwenzeni le ndawo ibe ngephephile nenempumelelo.

Masiwubonge futhi uHulumeni oholwa nguKhongolose kulesi fundazwe owabona kungubuhlakani ukuba kuhlanganiswe ngaphansi kukaNgqongqoshe oyedwa imiNyango emibili owezokuThutha nowezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi.

Le miNyango yomibili imayelana nokufa nokuphila kwabantu. Ibhekene ngqo nokuthi abantu baphephe, noma kusemgwaqeni noma ebugebengwini nje jikelele.

Yingakho-ke uthola ukuthi njengoba sethula inyanga yezokuphepha nje lapha, siphuma enyangeni yezokuthutha okungu-October. Nakhona besinemicimbi esabalele isifundazwe sonke lapho besethula izinhlelo zengqalasizinda yomgwaqo bese sigxila kakhulu nakwezokuphepha emgwaqeni.

Nakhona futhi ngenkathi sethula inyanga yezokuthutha sakucacisa ukuthi sekungukuqala futhi kwezinhlelo zokuphepha emgwaqeni ngesikhathi samaholide kaKhisimusi kuze kube nangemuva kwawo.

Njengoba sengishilo-ke nokwethulwa kwenyanga yezokuphepha kwenzeka ngesikhathi esifanele njengoba sibheke esikhathini senjabulo kaKhisimusi. Isikhathi lapho abantu bakithi bezokuba nemali, abanye babe budedengu ekuyiphatheni besebeba ngukudla kwezigebengu.

Abanye, ikakhulukazi intsha, bazi ukuthi lesi khathi sisho ukuthi kumele bangene ophuzweni oludakayo noma ngabe bebengaluthinti phakathi nonyaka. Kuyothi kuzwakala kube kuthiwa kukhona odlwenguliwe noma abagwazene kanti indaba khona otshwaleni.

Siyazi-ke futhi ukuthi ngalesi khathi iKwaZulu-Natal, kuhlanganisa nale ngxenye yeTheku, siba nezivakashi ezivela emazweni ahlukene nakwezinye izifundazwe zaleli zwe bezochitha amaholide.

Lapha-ke eNanda kuphinda kube yindawo enomlando wezingqalabutho zomzabalazo wenkululeko oDkt John Dube, oDkt Prixley ka Seme noMahatma Gandhi owahlala khona lapha nenhla kwethu. Kukhona nekomkhulu leBandla lamaNazaretha elinomlando onothe kakhulu.

Konke lokhu kunabantu abaningi abahlale befuna ukwazi ngomlando wako. Ngakho-ke ukuphepha kwezivakashi nezakhamuzi kubaluleke kakhulu.

Ziningi-ke izindawo ezikhungethwe izinkinga zobugebengu ebesingaya kuzona siyokwethula ngokomthetho lezi zinhlelo zale nyanga, kodwa ngenxa yalo mlando esengikhulume ngawo kanye nokunye okuningi, sithe masiphuthume ngapha endaweni yaseNanda nakule ndawo ebizwa nge-INK yonkana.

Phela izibalo zobugebengu ezikhishwe nguNgqongqoshe wamaPhoyisa uMnuz Nathi Mthethwa ngo-September ziyasitshela ukuthi kukhona ukwehla kobugebengu esifundazweni jikelele.

Kodwa okusishiye namaphaphu aphezulu ngendawo yaseNanda ngukuthi kube yiyona enesibalo esiphezulu samacala okubulala njengoba kuthiwa ngonyaka wezimali odlule u-2011/2012 nibulale abantu abangu-157 kule ndawo yenu.

Lokhu kusho ukuthi ayipheli inyanga ningabulalanga umuntu oyedwa noma ngaphezulu. Osekusishaqisa nje futhi ukuthi lento yokuhlukunyezwa nokubulawa kwabaqhamuka emazweni ase-Afrika, esasithi sikukhuzile kwaphela ngonyaka ka-2008, nina nisaqhubeka nako.

UmNyango uyitholile imibiko emphakathini walapha mayelana nokushayisana okuqhamuka kwabamabhizinisi kubandakanya nalaba abaqhamuka eSomalia. Kusolakala ukuthi yilesi simo esize saholela ekufeni kwabaseSomalia ababili.

Ngemuva kwalokhu umNyango ngokuxhumana noKhansela wewadi u-Comrade Khunju, i-SAPS, iCPF nohlaka lomphakathi lokulwa ubize umhlangano wokuhlanganisa amakhanda nosomabhizinisi bendawo nalaba bokufika. Kulo mhlangano yilapho okwabonakala ubucayi balolu daba.

Izinto ezavela njengezinselelo ezinkulu lapha kwaba ngukuthi:

- Kunokuthutheleka kakhulu kwabasemazweni angaphandle abazohweba lapha ku-Ward 57.

- Kukhona ukushayisana phakathi kwabendawo nabokufika mayelana nentengo okumele ibizwe empahleni.

- Noma kunjalo kodwa kunezigebengu esezisebenzisa ithuba, okusolakala ukuthi yikona okuholele ekufeni kwabaseSomalia ababili.

- Kuvelile nokuthi kudinga kwenziwe ngcono izinga lokubonakala kwamaphoyisa nokusebenzisana phakathi kwawo nomphakathi wale ndawo.

Kodwa-ke zikhona izincomo esibe sesiqhamuka nazo eziyimizamo yokubhekana nalolu daba.

- Sibona ukuthi kusuka namhlanje kumele kusungulwe uhlaka lwesikhashana, i-Interim Business Forum, ehlanganisa osomabhizinisi bendawo abahlanu kanye nabokufika baseSomalia futhi abahlanu.

  Lolu hlaka yilona oluzosiza ukuhlela izinto njengemihlangano nokunye okuyimizamo yokubhekana nanoma yisiphi isimo esingadala inxushunxushu.

- UKhansela ngokubambisana nomNyango nophiko lwamabhizinisi kuMasipala weTheku kumele bahlele isithangami sokufundisana ngezohwebo kuwo wonke umphakathi ongosomabhizinisi nakuyo yonke imikhakha yamabhizinisi.

- Kumele sicwaninge kahle nohlaka lwe-CPF ukuze sibone ukuthi azikho yini izinto ezidinga ukulungiswa endleleni eyakheke ngayo nokusebenza kwayo.

Kulokhu siyajabula ngoba nakhu sesinebhodi entsha ye-CPF esiqokwe ngokuphelele. Sethemba ukuthi konke kuzoqonda okothi lomkhonto manje kulezi zinhlaka njengoba zizovuselelwa kabusha lapho kubonakala kusenezingqinamba khona.

Lokhu engikushoyo kuqondene nale ndawo yenu yaseNanda eBhambayi, kodwa vele lapha endaweni yase-INK sinezinhlelo eziqhubekayo njengoHulumeni wesifundazwe kulandela ukuthi safika sazokwethula izinhlelo zika-Operation Hlasela ngonyaka ka-2010.

Phakathi kwezinhlelo esesizenzile nje lapha e-INK zama-School Safety Project, ama-CPF Workshop, i-Youth Desk in Dialogue kanye nokwenza o-Door to Door Crime Awareness. Konke esikwenzayo sisebenzisana namaphoyisa e-SAPS, i-Safer Cities yeTheku, umNyango wezeMfundo, amavolontiya omNyango wethu, amanxusa entsha, uMbombela, izinhlangano ezizimele nezinhlangano zepolitiki.

Kodwa nasesigabeni sesifundazwe futhi muningi nakhona umsebenzi osuwenziwe ukuzama ukuqonda izinto ezahlukene eziholela ezingeni lobugebengu esibubonayo ezindaweni zethu.

Yingakho njalo uma sihambela imicimbi enjengalona sihlale sikubeka phambili ukuthi uHulumeni walesi fundazwe uhola umbimbi lokulwa nobugebengu esithi ‘Build A United Front Against Crime’.

Sithi njengoHulumeni, abaholi bomphakathi ezinhlakeni ezahlukene nanjengamalungu omphakathi, kumele sithathe indawo yethu, sisebenzisane ndawonye ekutholeni izixazululo ezinkingeni zokuphepha esinazo neziphazamisa inhlalakahle yabantu bakithi.

Siyakholwa-ke ukuthi ukungenelela okunjengalokhu esikwenzayo lapha namhlanje, yikona okulekelela ekwakheni ukusebenzisana okuhle phakathi kwenu njengomphakathi kanye namaphoyisa. Yingakho futhi sihlale sithanda ukubonga nakubo bonke ababambe iqhaza ekutheni njengoHulumeni sisondele nalezi zinhlelo.

Sinethemba futhi ukuthi ukungenelela esesikwenzile ngaphansi kwekomiti lamaqembu epolitiki laphaya eHostela KwaMashu kuzobonakala kuthela izithelo.

Njengoba kuzobhaliswa ohleni lwabavoti, i-voters roll, kule mpelasonto ezayo kuleya wadi, sifisa ukubona abantu bekhombisa ukuvuthwa kwezepolitiki ngokuthi babekezelelane bahloniphe ilungelo lokhuzikhethela uma sekufika ukhetho lokuchibiyela ngo-December.

Okunye futhi esikugcizelelayo ngale mikhankaso ngukuthi imiphakathi mayisebenzisane namaphoyisa ekulweni nobugebengu bese iyawavikela futhi nawo amaphoyisa akithi. Masiwasindise amaphoyisa – okungabavikeli bethu - ngokuthi sikhulume uma sinolwazi ngetulo lokubulawa kwephoyisa.

Sihlale sisho ukuthi amaphoyisa alesi fundazwe anomthwalo onzima njengoba ngaphezu kobugebengu obujwayelekile nezinye izifundwazwe ezibhekene nabo, thina awethu aphinda abhekane namacala okubulawa kwabantu okuhlobene nezepolitiki nezimpi zamatekisi.

Kodwa namanje siyabonga emaphoyiseni ethu ngendlela asebenza ngokuzikhandla ngayo. Baningi kakhulu abantu ababoshwayo kulesi fundazwe.

Sengiphetha, mangigcizelele emphakathini wakithi wonke ukuba usebenzisane nezinhlaka zama-CPF namakomiti emigwaqo lapho sihlala khona. Masiqaphele ukungazithatheli umthetho ezandleni zethu, kodwa asibabike emaphoyiseni abephula umthetho, abahlukumeza umphakathi, abesifazane, izingane, abantu abadala nabakhubazekile emiphakathini yethu.

Uma kukhona abazakhela amaqembu okulwa nobugebengu, kumele baxhumane nethimba lomNyango ukuze ukusebenza kwabo kungaphambani nomthetho.

Kodwa okubaluleke kakhulu ngukuthi umuntu ngamunye, imindeni nemiphakathi kumele ibambe iqhaza kakhulu ekwakheni uhlobo lomphakathi esifuna ukuphila kuwo size sikudlulisele isizukulwane esizayo.

Masivumelane sonke ukuthi njengoba sethula lolu hlelo lwezokuphepha nokulwa nobugebengu namhlanje, sivuselela kabusha nokubambisana kwethu okuzosithatha kusibeke esikhathini sikaKhisimusi nangemuva kwaso sisaphephile.

**Ngiyabonga**